**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO EBHOKWE MHLAKA 12 OCTOBER 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini waKwaMnyathi naseBaqulusini bonkana. Ukuza kwethu lapha namhlanje kusho ukubambisana kweMinyango kaHulumeni ukuqinisekisa ukuthi izimpilo zabantu zenziwa ngcono. Ikusasa labo lingafani nayizolo.

- Kusukela kule minyaka edlule silokhu siyivula njalo iminyango yezomnotho ngokusebenzisa izinhlelo zethu zodumo ezilwa nobuphofu ezindaweni zasemakhaya. Imizamo kaHulumeni wethu yokulwa nobubha isiyaziwa ezweni lonke manje.

- Ukuvulwa nokuphendulwa kwamasoyi emigwaqo namabhuloho esikwenzayo esifundazweni sonke kufakazela kona ukuthi ngempela sinomsebenzi obalulekile esibhekene nawo wokuguqula izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal.

- Kodwa, ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi sikwenzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Umgomo kahulumeni wethu uthi uma kwakhiwa kumele imali isale kubantu bendawo.

- Sesiyazi ukuthi kwezinye izindawo kunezikhulu ezisebenzisa ipolitiki ekuqasheni abantu kule misebenzi esiyilethayo. Kodwa ngifuna ukunixwayisa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.

- Ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi nezinye izifo, ububha nokunye. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

- Ukuphendulwa kwesoyi esikwenza namhlanje kusho ukuqala komsebenzi wokwakha ibhuloho lomfula iMfolozi nokwakhiwa komgwaqo ongu-5 km ozohlanganisa ukwenziwa kahle komgwaqo okhona njengamanje.

- Umsebenzi wokwakha uzoletha imali endaweni kudaleke amathuba emisebenzi kubantu bendawo. Ilinganiselwa ku-R15 million imali efakwe ekwakhiweni kwalo msebenzi.

- Ibhuloho lizokwenza kube lula ukusuka eBhokwe nasemayini ngenzansi uwele umfula iMfolozi uye kwezinye izindawo zaKwaMnyathi. Umphakathi waKwaMnyathi unezikole nezindawo zamabhizinisi ezisetshenziswa ngabantu besigodi saseBhokwe. Kunemayini ezovulwa maduze nje, okusho ukuthi imisebenzi yamabhizinisi izodinga indlela ekahle yokuwela umfula.

- Ngiyazi ukuthi kukhona asebeke basigxeka kwezinye izindawo ngokuthi siphendula amasoyi singabe sisawuletha umsebenzi. Kodwa okuxakayo ngukuthi ababe besavela ukuzoxolisa uma sesifika sizovula ngokusemthethweni imigwaqo ngesikhathi esasisinqumile.

- Ngifuna ukuqinisekisa ukuthi ngonyaka ozayo siyobe sivula ngokusemthethweni leli bhuloho ukuze senze ngcono izimpilo zabantu. Eminye imigwaqo namabhuloho sizoyivula sekusondele ukhetho esiFundeni saseZululand, kodwa lokho akuhlangene nokukhankasa kwenziwa ukuqondana kwesikhathi. Thina sithi noma kukhona ukhetho noma lungekho, okwethu nje ngukugcina izithembiso.

- Mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi waseZululand ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona.

- Lapha ngikhuluma, phakathi kweminye, ngo D1820, P700, P432 P235/ P49/ P52, P234 P487, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, Bridge, iWela River Bridge, Obivane Bridge, iQwasha River Bridge, Obivane River Bridge, Umbhudula Road, KwaBhanya River Bridge neNtethe River Bridge.

- Akungabazeki manje ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlabela phambili nokufeza umgomo wawo wokwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme nolusabalele yonke indawo KwaZulu-Natal nokuvikela ababuthaka.

**Ngiyabonga**